


**NguMongameli
uHenry B. Eyring**
UMeluleki wokuQala
kubuMongameli BokuQala



Ithemba Lothando Lwaphakade Lomndeni

Isipho sokuphila okuphakade sikhulu kunazo zonke izipho uBaba wethu oseZulwini azibekele abantwana Bakhe (bheka iMf&V 14:7). Leso sipho singukuhlala lapho kukhona khona uNkulunkulu uBaba neNdodana Yakhe eThandekayo nemindeni yethu ingunaphakade. Impilo yomndeni nobudlelwane bothando izohlala ikhona kuphela embusweni kaNkulunkulu wokuqala ophakeme kakhulu wesilestiyali.

Sonke sinthemba lokuzwa injabulo yokuphila nomndeni onothando. Kwabanye bethu lokhu kuyinto esingakayizwa—into esaziyo ukuthi ikhona kodwa thina esingakayizuzi. Kungenzeka ukuthi sesike sakubona lokhu ezimpilweni zabanye. Kwabanye bethu, uthando lomndeni kube sengathi luyinto ekhona ngempela futhi neyigugu ngesikhathi ukufa kusehluhanisa nomntwana, umama, ubaba, umfowethu, udadewethu, noma umkhulu esimthandayo.

Sonke sesike saba nethemba lokuthi ngelinye ilanga siyophinde siluzwe futhi uthando olufudumele lwalelo lunga lomndeni eselisishiyile nesasilithanda kakhulu futhi esesifisa kakhulu manje ukuthi siphinde silisingathe futhi.

UBaba wethu oseZulwini osithandayo uyazazi izinhli-ziyo zethu. Inhloso Yakhe wukusipha injabulo (bheka ku2 Nefi 2:25). Ngakho-ke usiphe isipho seNdodana Yakhe ukuze sizuze injabulo yobudlelwane bomndeni obuyohlezi bukhona njalo. Ngenxa yokuthi uMsindisi uziphulile izibopho zokufa, sonke sizovuka ekufeni. Ngenxa yokuthi wahlawulela izono zethu, ngokholo lwethu

nangokuphenduka kwethu, singafaneleka ukuzuza umbuso wesilestiyali, lapho imindeni ihleli ndawonye ngothando ingunaphakade.

UMsindisi wathumela u-Eliya uMphrofethi ukuthi azobuyisela izikhiye zobuphristi (bheka iMf&V 110). Kwabe sekutholakala amandla okubopha ngenxa yalezo zikhiye, ngalawo mandla abantwana Bakhe asebenikwa isipho esikhulu kunazo zonke zikaNkulunkulu—ukuphila kwaphakade emindenini ehleli ndawonye njalo.

Lesi yisipho bonke abantwana baNkulunkulu abeza emhlabeni abangazifunela sona. Uquqaba lwabantwana Bakhe bomoya lwasenqaba lesi sipho Sakhe ezweni lemimoya. Ngenxa yokungabi nalo ukholo olwanele nokwalandelwa wukuhlubuka, bakhetha ukuthi bangayazi nanini injabulo yesipho sikaBaba oseZulwini semindeni yaphakade.

Kulabo bethu abadlula ngempumelelo kulesi simo esibucayi sokuvivinywa ezweni lemimoya ngaphambi kwempilo yasemhlabeni okwathi ngokwenze njalo safanelwa ukuthola isipho semizimba efayo, sisenethuba elihle kakhulu lokukhetha ukuphila okuphakade. Uma sibusiswa ngokuthi si lithole ivangeli eselibuyiselwe, sise ngakhetha ukuthi senze futhi si zigcine izivumelwano noNkulunkulu okuzosenza sifanelwe wukuphila okuphakade. Uma sibekezela ngokuhlala njalo sithembeka, uMoya oyiNgcweleni uzolinqinisa ithemba esinalo lokuthi sisendleleni eya ekuphileni okuphakade, lapho siyohlala khona nemindeni njalo embusweni wesilestiyali.

Kwabanye, leyo njabulo yaphakade kungaba sengathi yithemba eliphelayo. Kungenzeka ukuthi kukhona abazali, abantwana, abafowethu nodadewethu abakhethe ukwenzisa izinto ezibenza bangafanelwa wukuphila okuphakade. Usengazibuza ngisho nokuthi kazi wena ufanelwe yini ngeNhlawulo kaJesu Kristu.

Ngelinye ilanga umphrofethi kaNkulunkulu wake wangipha incazelo eyanginika ukuthula. Ngangikhathazwe wukuthi izenzo zabanye zingavimba ukuthi umndenini wami ukwazi ukuba ndawonye kwelizayo. Wathi, “Ukhathazwa yinkinga okungafanele ikukhathaze. Wena kuphela phila ngendlela ezokwenza ufanelwe wumbuso wesilestiyali, ukuhlalwa kwemindeni kuyokumangaza ngendlela ongakaze uyicabange.”

Kubo bonke labo abanezinto ezimpilweni zabo noma abanemishado nabantwana—nabangenakho lokho—okwenza balahlekelwe yithemba, ngicela ukubanika nabu ubufakazi bami: UBaba oseZulwini uyakwazi futhi uyakuthanda njengomntwana Wakhe womoya. Ngesikhathi use Naye neNdodana Yakhe eThandekayo ngaphambi kwalempilo, babeka enhliziyweni yakho lelothemba onalo lokuphila okuphakade. Ngamandla eNhlawulo kaJesu Kristu asebenzayo futhi nangoMoya oyiNgcwele okuhlayo, ungaluzwa manje futhi nasezweni elizayo uzoluzwa uthando lomndenini uYihlo neNdodana Yakhe eThandekayo abafisa uluzuze.

Ngiyafakaza ukuthi uma uphila ngendlela ezokwenza ufanelwe wumbuso wesilestiyali, isethembiso somphrofethi sokuthi “ukuhlalwa kwemindeni kuyokumangaza ngendlela ongakaze uyicabange” siyofezeka kuwe.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

Ake ucabange ngokuqala ngokutshela labo obafundisayo ngesikhathi lapho wawugcwele khona ukubonga ngethemba onalo lemindenini yaphakade. Bameme ukuthi nabo bazindle ngalezo zikhathi mhla begcwele ukubonga ngemindenini yaphakade. Babuze ukuthi bangathanda yini ukukhuluma ngalokho Emva kwalokho ungabe usubamema ukuthi bacabange ngendlela abangenza kangcono ngazo ukuthi baphile ngendlela engabenza bafanelwe wumbuso wesilestiyali ukuze isethembiso somphrofethi sokuthi “ukuhlalwa kwemindeni kuyokumangaza ngendlela ongakaze uyicabange” sifezeke kubo.

INTSHA

Ukwabelana Ngenjabulo Yaphakade

Enye yezinto ezinhle kakhulu ngevangeli wulwazi ngesu lensindiso. Sinethuba elihle kakhulu lokuhlala nemindenini yethu ingunaphakade. Ukwazi lokho kuyasizisa sihlale sinethemba njalo uma kukhona okusiqeda amandla empilweni. UMongameli u-Eyring usifundisa ukuthi “UBaba wethu oseZulwini osithandayo uyazazi izinhliziyi zethu. Inhloso Yakhe wukusipha injabulo (bheka ku2 Nefi 2:25). Ngakho-ke usiphe isipho seNdodana Yakhe ukuze sizuze injabulo yobudlelwane bomndenini obuyohlezi bukhona njalo. . . . Lesi yisipho bonke abantwana baNkulunkulu abeza emhlabeni abangazifunela sona,”

Isibusiso esinjengalesi sithinta thina esisaphila nalabo asebahamba—kodwa bona basizakala ngosizo lwethu kuphela. Okhokho bethu njengamanje basezweni lemi-moya, balindele thina ukuthi silungise amagama abo ukuze benzelwe izimiso zethempeli. Kodwa-ke kwesinye isikhathi kunganzima ukubenzela lowo msebenzi. Kungenzeka sizithole siphethwe yimisebenzi kakhulu, noma sihlale kude kakhulu nethempeli okwenza singakwazi ukuya kulo njalo.

Ngenhlanhla-ke, zikhona ezinye izindlela esingabasi-za ngazo okhokho bethu, njengokubenzela umsebenzi oqondene nomlando womndenini, ukwenza umsebenzi kwi-Intanethi, noma ukuhlala nabantwana babazali bethu ngesikhathi besaye ethempelini. Ngokubanika lolo sizo, sisebenzela iNkosifuthi nabo sibanika ithemba ngemindenini yaphakade.

ABANTWANA

Imindenini Ingeyaphakade

Ngenxa yeNhlawulo kaJesu Kristu nokubuyiselwa kwezikhathi zobupristi, sesingakwazi ukuhlala nemindenini yethu ingunaphakade. Yikuphi okuthandayo ngomndenini wakho? Ake wenze lokhu okulandelayo ukukhombisa ukuthokozela umndenini wakho.

1. Goqa iphepha kabili ngendlela yokuthi ube nomucu owodwa omude.
2. Dweba umfanekiso womuntu izandla zakhe ezifika lapho kugoqwe khona iphepha.

3. Sika umucu onomfanekiso womuntu. Ungazisiki izandla zakhe ezithinta lapho kugoqwe khona iphepha.
4. Lisombulule iphepha Bhalala noma udwebe okuthile
- okuthandayo ngelunga lomndeni wakho ngalinye.
5. Uma unomndeni omkhulu hlanganisa yonke imicu ndawonye!



Ukukhulisa Imindeni Ndawonye

Ukholo, Umndeni, Usizo

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ukuthi yikuphi ongafundisa ngakho. Lungakhula kanjani ukhoho lwakho kuNkulunkulu ngenxa yolwazi lwakho ngo "Mndeni: IsiMemezelo eMhlabeni Wonke" futhi kukusize ukuthi ubusise labo okufanele ubabheke ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku www.reliefsociety.lds.org.

"Indoda nomfazi kufanele bathandane futhi banakekelane futhi banakekele nabantwana babo."¹ Ikhaya yilapho kufanele kube yindlu kaNkulunkulu yokwenzisa imisebenzi yothando nokusizana," kwasho uMongameli uRussell M. Nelson, uMongameli wabaPhostoli abayiShumi naMbili.

"UBaba wethu oseZulwini ufuna amadoda nabafazi bathembeke omunye komunye futhi nokuthi babazise abantwana babo babaphathe njenje elivela eNkosini."²

ENcwadini kaMormoni, uJakobe wathi okwakwenza amaLamani alunge kakhulu kunamaNefi ngesinye isikhathi yingoba amadoda ayebathanda abafazi bawo, ngokunjalo nabafazi bawo babewathanda amadoda abo, futhi amadoda nabafazi babebathanda abantwana babo (bheka kuJakobe 3:7).

Enye yezindlela ezinhle kakhulu zokwenza kube khona uthando nokuzwana emakhaya ethu wukufunda ukukhuluma kahle namalunga emindeni yethu. Ukukhuluma kahle kuletha uMoya oNgcwele. ULinda K. Burton, uMongameli Jikelele weNhlango Yabesimame

yokuSiza, wasicela ukuthi sicabange ngokuthi: "Sijwayele kangakani ukukhuluma amagama amahle omunye komunye?"³

Eminye imiBhalo eNgcwele

KwabaseRoma 12:10; Mosiya 4:15; IMfundiso neziVumelwano 25:5

Izindaba Zabantu Abaphilayo

IGosa uD. Todd Christofferson woMgwamanda wabaPhostoli abaliShumi naMbili wake wakhuluma ngokwake kwenzeka empilweni yakhe esemncane okwenza kugxile kuye ukubaluleka komndeni othandekayo. Ngesikhathi yena nabafowabo besengabafanyana, unina kwakudingeka ayohlinzwa ngenxa yomdlavuza okwakwenza ezwe ubuhlungu uma ayesebenzisa ingalo yakhe yangakwesokudla. Ngenxa yokuthi wayenabantwana babafana, kwakudingeka enze umsebenzi woku-ayina omningi, kodwa kwakuthi uma ewenza lowo msebenzi, wayevama ukuma kancane ayokhala ekamelweni lakhe buze behle ubuhlungu.

Kwathi uma ubaba ka Christofferson ekubona lokho, wanquma

ukungadli ngezikhathi zamadina kungazi muntu kwacishe kwaphela unyaka ukuze akwazi ukubeka imali eyanele ukuthenga umshini owawuzokwenza umsebenzi woku-ayina ube lula. Waba yisibonelo kubafana bakhe sokukhulisa umndeni, ngenxa yothando ayenalo lomkakhe. Ngalesi senzo esinobumnene, iGosa uChristofferson wathi, "Ngangingazi ngokuzinikela kukababa ngenxa yokumthanda umama ngaleso sikhathi, kodwa ngenxa yokuthi sengiyazi manje, sengithi, 'Nansiya indoda.'"⁴

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. "UMndeni: IsiMemezelo soMhlaba Wonke," *Liahona*, Nov. 2010, 129.
2. Russell M. Nelson, "Salvation and Exaltation," *Liahona*, May 2008, 8.
3. Linda K. Burton, "We'll Ascend Together," *Liahona*, May 2015, 31.
4. D. Todd Christofferson, "Let Us Be Men," *Liahona*, Nov. 2006, 46.

Cabanga Ngalokhu

Kumletha kanjani uMoya oNgcwele emakhaya ethu uma sithandana futhi sinakekelana na?